



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

NOVEMBA 2010

AMAMAKI: 80

ISIKHATHI: amahora ama-2½

Leli phepha linamakhasi angama-21.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.

1. Fundisisa yonke imibuzo. Funda uhlu lokuqukethwe bese ukhetha imibhalo oyifundile.
2. Leli phepha lineziqephu ezintathu:

ISIQEPHU A: Izinkondlo	(30)
ISIQEPHU B: Amanoveli	(25)
ISIQEPHU C: Imidlalo	(25)
3. Phendula imibuzo EMIHLANU. Funda uhlu lokuqukethwe ekhasini LESITHATHU ukuze ubone ukuthi imibuzo iphendulwa kanjani.
4. Izimpendulo zemibuzo emide maziphendulwe ngamagama angama-340–390.
5. Izimpendulo zemibuzo emifushane, amamaki anikeziwe emibuzweni ayakwelekelela ukuthi kumele uphendule kangakanani.
6. Qaphela ukuthi izinombolo ozisebenzise ezimpendulweni zakho ziyahambisana nalezo ezisetshenziswe abahlolayo emibuzweni.
7. Uyelulekwa ukuba ubhale ngobunono nangesandla esibonakalayo.
8. Qalisa isiqephu ngasinye ekhasini elisha.
9. Indlela yokusebenzisa isikhathi:

ISIQEPHU A: Imizuzu engama-40
ISIQEPHU B: Imizuzu engama-55
ISIQEPHU C: Imizuzu engama-55

OKUQUKETHWE

Phendula imibuzo **EMIHLANU** enamamaki angama-80 njengoba kukhonjisiwe ngezansi.

ISIQEPHU A: IZINKONDLO**AMAHLOKOHLOKO (EJ Mhlanga, JJ Thwala)/IZINKWAZI (LPM Makhanya)**

Phendula noma ngabe yiziphi izinkondlo **EZIMBILI KUMBUZO 1, UMBUZO 2, UMBUZO 3 NAKUMBUZO 4.**

Uphoqelekile ukuphendula inkondlo **ENGAMISELWE.** Phendula **UMBUZO 5 NOMA UMBUZO 6.**

UMBUZO 1	Umbuzo omude (Ingane kamama)	Amamaki ayi-10
NOMA		
UMBUZO 2	Umbuzo omude (Mbonise baba)	Amamaki ayi-10
NOMA		
UMBUZO 3	Umbuzo omfushane (Ziqubuka Olwandle)	Amamaki ayi-10
NOMA		
UMBUZO 4	Umbuzo omfushane (Isigqebhezana)	Amamaki ayi-10

KANYE

Nenkondlo engamiselwe: Phendula noma imuphi umbuzo **OWODWA.**

UMBUZO 5	Umbuzo omude (Ma Ngificwa Ukufa)	Amamaki ayi-10
UMBUZO 6	Umbuzo omfushane (Ma Ngificwa Ukufa)	Amamaki ayi-10

ISIQEPHU B: AMANOVELI

Phendula umbuzo **OWODWA.**

UMBUZO 7: Inoveli 1 (Bengithi Lizokuna)	Umbuzo omude NOMA	Amamaki angama-25
UMBUZO 8: Inoveli 1 (Bengithi Lizokuna)	Umbuzo omfushane	Amamaki angama-25
NOMA		
UMBUZO 9: Inoveli 2 (Usumenyazelwe-ke Umcebo)	Umbuzo omude NOMA	Amamaki angama-25
UMBUZO 10: Inoveli 2 (Usumenyazelwe-ke Umcebo)	Umbuzo omfushane	Amamaki angama-25
NOMA		
UMBUZO 11: Inoveli 3 (Kunjalo-ke)	Umbuzo omude NOMA	Amamaki angama-25
UMBUZO 12: Inoveli 3 (Kunjalo-ke)	Umbuzo omfushane	Amamaki angama-25

ISIQEPHU C: IMIDLALOPhendula umbuzo **OWODWA**.

UMBUZO 13: Umdlalo 1 (<i>Kudela Owaziyo</i>)	Umbuzo omude NOMA	Amamaki angama-25
UMBUZO 14: Umdlalo 1 (<i>Kudela Owaziyo</i>)	Umbuzo omfushane	Amamaki angama-25
NOMA		
UMBUZO 15: Umdlalo 2 (<i>Awuwelwa Umngeni</i>)	Umbuzo omude NOMA	Amamaki angama-25
UMBUZO 16: Umdlalo 2 (<i>Awuwelwa Umngeni</i>)	Umbuzo omfushane	Amamaki angama-25

QAPHELA: Kumele uphendule umbuzo OWODWA omude kanye nombuzo OWODWA omfushane kusiqephu B nakusiqephu C. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omfushane kusiqephu B, kusho ukuthi kumele uphendule umbuzo omude kusiqephu C, kanjalo futhi uma ukhetha umbuzo omude kusiqephu B, kusho ukuthi kumele uphendule umbuzo omfushane kusiqephu C.

IZIMPENDULO ZAKHO MAZIME NGALOLU HLOBO

UMBUZO 1 – 4: Khetha noma iziphi izinkondlo **EZIMBILI**.

UMBUZO 5 – 6: Khetha **OWODWA** umbuzo.

UMBUZO 7 – 12: Khetha **OWODWA** (omude noma omfushane) kuleyo noveli eniyifundile.

UMBUZO 13 – 16: Khetha **OWODWA** (omude noma omfushane) kulowo mdlalo eniwufundile.

Uhla oluyinkomba lokuphendulwa kwemibuzo.

Abahlolwayo emva kokuphendula imibuzo yaleli phepha mabasebenzise leli thebula elilandelayo ukuze babe nesiqiniseko sokuthi bayikhethe ngokufanele imibuzo okulindeleke bayiphendule.

ISIQEPHU	INOMBOLO YEMIBUZO	INANI LEMIBUZO EPHEMULIWE	THIKA
A: Izinkondlo (Ezimiselwe)	1 – 4	2	
A: Izinkondlo (Engaboniwe)	5 – 6	1	
B: Inoveli (Omude NOMA Omfishane)	7 – 12	1	
C: Umdlalo (Omude NOMA Omfishane)	13 – 16	1	

QAPHELA: Qaphela ukuthi esiqeshini B no C uphendule umbuzo OWODWA OMUDE kanye nombuzo OWODWA OMFISHANE.

ISIQEPHU A: IZINKONDLO**Izinkondlo ezimiselwe:**

Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI kulena EMINE ebuziwe elandelayo.

UMBUZO 1: Ingane Kamama – N Machi (UMBUZO OMUDE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo.

Ingane kamama – N Machi

- 1 Mama ngihlubule, ngishaya ngonobhadula.
- 2 Mama ngiyagula ngingeye kwadokotela?
- 3 Mama ungangithengela le ncwadi?
- 4 Mama sengiyahamba ngiphe imali.
- 5 Mama ngenzele lokhu nalokhuya.

- 6 Mntanami thatha nakhu okuya ethunjini,
- 7 Ngane yami gqoka bangaboni ubuze bethu,
- 8 Muntuza phuza umuthi, chatha, uphalaze!
- 9 Themba lami ithathe le ncwadi, iyisihlangu sakho,
- 10 Mthunzi wami nangu uzuka wokugcina, ndlelanhle;
- 11 Mntanami ngiyafisa ukukwenzela,
- 12 Kepha uyangazi, ngikhala ngingashayiwe.
- 13 Ubungcono uwusana ukhala uqandula,
- 14 Ngikushintshe ngikugeze ngigaye incumbe,
- 15 Ngikufunze, ngikufake ibele ulale.
- 16 Manje ukhulile usunguMuntu,
- 17 Ziyanda izidingo, ayikho inkece.

- 18 Bekunzima ulapha, ngile, singabonani,
- 19 Ngizama, ngiphathise, ugqoke.
- 20 Ukhala, ngikhale uyihlo asishaye indiva,
- 21 Wadlula, wasala uncela izithupha,
- 22 Kwayintaba kimi ngingedwana.
- 23 Akunani ungumboko wami, ngedwa vo,
- 24 Wakhula wakhala nsuku zonke,
- 25 Ngazama, ngahluleka, ngazama,
- 26 Wacela wazi kamhlophe anginalutho,
- 27 Angaze ngahluthuka, ngakunekela isimo,
- 28 Wangizwa ngikududuza, walala ngenxeba.

- 29 Namuhla umdala uphusile,
- 30 Awusaceli njengayizolo, uyangidida
- 31 Nginetwetwe, ngibambe umoya
- 32 Mntanami impilo isezandleni zakho,
- 33 Okukhetha namuhla uzokuphila kusasa,
- 34 Noma kuyini Mthunzi wami wokuphumula;
- 35 Uyohlale ungowami, angeke ngakulahla!

Chaza ukuthi ukukhethwa kwamagama kuwuthinta kanjani umoya wale nkondlo? Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

[10]

NOMA

UMBUZO 2: MBONISE BABA/MBONISENI BABA – KA Mkhize (UMBUZO OMUDE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo.

Mbonise baba/Mboniseni Baba – KA Mkhize

- 1 Uzulazul' ezintabeni,
- 2 Akayibon' indlela
- 3 Konke' ukushay' indiva.
- 4 Ukusa kubonwa nguye,
- 5 Eqonde kwamama ngipotoze
- 6 Umlomo sekungowentiyane.
- 7 Ubufiyofiyo babangani,
- 8 Ekusen' emini ntambama,
- 9 Nom' ebengazimisel' ukuhamba.
- 10 Phakathi kwamabili,
- 11 Umfic' elel' emgwaqeni,
- 12 Akazazi negama lakhe.
- 13 Noma kuthi thushu,
- 14 Imot' akayibon' akayizwa,
- 15 Usevele wayitsh' uqobo.
- 16 Um' iqhamuk' ishwibek'
- 17 Imoto kuvalw' amehlo,
- 18 Kuthi qhamu! kuthi patsha!
- 19 Emaphathini nakuma-**bash**
- 20 Akasaleli yisaziwa,
- 21 Esidl' oma-**fish eagles** noma-**whiskey**.
- 22 Um'eth' uvul' umlomo
- 23 Kuthi phafu!
- 24 Kuthi thanqu!
- 25 Akunhlamba kuyafiwa,
- 26 Izintombi zimsabis' okwenyoka
- 27 Yindlavini yoqobo.

- | | |
|----|--------------------------------------|
| 28 | Yisidlamlilo sendlovu kayiphendulwa, |
| 29 | Egomisa ngenkani. |
| 30 | Inhliziyo sekwaba wuhluthu. |
| 31 | Mbonise baba aphunyule, |
| 32 | Kulesi sihogo, |
| 33 | Muph' impumelelo. |
| 34 | Ube yindumiso kuye, |
| 35 | Akudumis' imihla yonke |
| 36 | Yokuphila kwakhe. |

Chaza ukuthi isigqi siwulolonga kanjani umqondo wale nkondlo. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

[10]

NOMA

UMBUZO 3: ZIQUBUKA OLWANDLE – EJ MHLANGA (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

Ziqubuka Olwandle – EJ Mhlanga

- | | |
|----|---|
| 1 | Siyajabula ukubona zibuy'ekhaya, |
| 2 | Eminyaken'engamashumishumi zabhunguka, |
| 3 | Zabhunguka kushisa ibambene ngezihluthu. |
| 4 | Ngeke sakhohlwa mhla kuqubuk' amagagasi |
| 5 | Ezibilini zesizwe, siseshashalazini kunuk'uhlofu, |
| 6 | Siqungquluzile nsizwa yamabutho. |
| 7 | Sekwadlula, yinye nje inselelo: |
| 8 | Siyobhinca ngokuklez' ubuthumbu |
| 9 | Baleli bele likamabelemade. |
| 10 | Ukuze sibuyis'isithunzi sesizwe! |
| 11 | Ngeke nalibulal' izwe sibhekile, |
| 12 | Ngeke nalithela ngobukhuphe |
| 13 | Phezu kokuthi lakhiwa ngegazi lamaqhawe! |
| 14 | Lezi zihlangu ziqubuk'ezinzulwini zolwandle, |
| 15 | Siyolwa kuphuk' iklwa |
| 16 | Sivikel' igaz'elachitheka, |
| 17 | Lichithekel' inkululeko ye-Afrika. |
| 18 | Mus' ukuyibulala nsizwa yamabutho, |
| 19 | Ngeke sathengis' isithunzi sesizwe |
| 20 | Ngenxa yenkec'axwayisa ngayo |
| 21 | UNodumehlezi kaMenzi, |
| 22 | Owath' asoyiqaphel' inkinobh' engenambobo! |

23	Kusebuhlung' ukubon' uquqaba lwesizwe
24	Lusakhothuluza kwelembuya ngothi,
25	Thokola themb' amathunz' ayewukela!
26	Siyayibong' impumelelo yenkululeko
27	Eminyaken' eyevil' eshumini,
28	Sibong' izinhlasana zemisebe
29	Esizibona ziqubuk' olwandle
30	Lwempumelelo kuzimfunda zesizwe,
31	Zishunqisela ngempepho yaseMpumalanga;
32	Phuma langa sonke sikothe,
33	Isizwe senwampele kulezi zaqheqhe
34	Okungathi sezikheth'imiphimbo;
35	Umthamo nje, isizwe siyobe sanele!

- 3.1 Nikeza amagama AMABILI akule nkondlo asho okufanayo negama elithi 'imali'. (2)
- 3.2 Ngabe imbongi yini lena eyigudliselayo kulo mugga: 'Sibong' izinhlasana zemisebe'? Nikeza kube kubili. (2)
- 3.3 Chaza kafushane ukuthi le nkondlo isuselwa kusiphi isimo ngokwaseNingizimu Afrika. (2)
- 3.4 Imbongi iqonde ukuthini uma ithi: 'lakhiwa ngegazi lamaqhawe!'? (2)
- 3.5 Xoxa usho ukuthi imbongi la mazwi iwabhekise kobani? 'Ngeke nalibulal' izwe sibhekile'. Sekela impendulo yakho. (2)
- [10]**

NOMA

UMBUZO 4: ISIGQEBHEZANA – CG ZULU-KABANYANE (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

Isigqebhezana – CG Zulu

1	Mehlo ami ayabuka
2	Nhliziyo yami iyakhuluma
3	Ngqondo yami
4	Uyathatha uyabeka.
5	Kuyakhalwa kufiwe
6	Kuyangcwatshwa, kuziliwe-
7	Qhamukiyane intokazi yakwethu
8	Ishayela phezulu
9	Qhwasha qhwasha.

- | | |
|----|--------------------------------|
| 10 | Hhayi ngemfashini, ngiyesaba |
| 11 | Isibhuklabhukla sethanga |
| 12 | Kubanik' ugesi |
| 13 | Amehlo ayazithuma |
| 14 | Sesikhona isigqebhezana! |
| 15 | Yehheni nasi isigqebhezana |
| 16 | Asinakuhlal'emuva |
| 17 | Cotho cotho phambili |
| 18 | Ungafung' ukuthi sithi: |
| 19 | "Zulu ngibukeni". |
| 20 | Nempela uZulu uyabuka. |
| 21 | Kazi Nembez' ushonephi |
| 22 | Ubungebonise ngokujula kosuku? |
| 23 | Hhayi, kudlalwa ngawe Nembeza |
| 24 | Ingani wena uzibeka kalula |
| 25 | Pho, indaba kabani? |
| 26 | Isigqebhezana ngesami! |

- 4.1 Siyini isigqebhezana ngokwale nkondlo? (2)
- 4.2 Nikeza umfanekisomqondo ovezwa yilo mugga: 'Isibhuklabhukla sethanga.'
Sekela impendulo yakho. (2)
- 4.3 Chaza ukuthi la magama alandelayo akule nkondlo awuthinta kanjani
umqondo wenkondlo: qhwasha qhwasha, cotho cotho. (2)
- 4.4 Kungani ngokwesintu kungathandeki ukubona umuntu wesifazane egqoke
isigqebhezana emngcwabeni? (2)
- 4.5 Ngabe imbongi iqonde ukuthini ngalo mugga: 'Nempela uZulu uyabuka'? (2)

[10]**KANYE**

INKONDLO ENGAMISELWE (UPHOQELEKILE UKUPHENDULA LO MBUZO)

Phendula umbuzo owodwa kule elandelayo. UMBUZO 5 (omude) noma UMBUZO 6 (omfushane).

UMBUZO 5: MA NGIFICWA UKUFA – BW VILAKAZI (UMBUZO OMUDE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo.

Ma Ngificwa Ukufa – BW Vilakazi

- 1 Ngimbeleni phansi kotshani
- 2 Duze nezihlahla zomnyezane,
- 3 Lapho amagatsh' eyongembesa
- 4 Ngamaqabung'agcwel'ubuhlaza.
- 5 Ngozwa nami ngilele ngaphansi
- 6 Utshani ngaphezulu buhleba:
- 7 "Lala sithandwa, lal'uphumule."

- 8 Ngimbeleni phezu kwamadamu
- 9 Laph'amanz'ethul' enganyakazi,
- 10 Nalaph'izinyon'ezincanyana
- 11 Zihlabelela zisho ngephimbo
- 12 Zenanel'ukwethwasa kwehlobo,
- 13 Zehle ziphuz'amanz'apholile
- 14 Laph'ilanga lingenisile.

- 15 Ngiyeke ngifel' ezindleleni
- 16 Zabantwan' abafund' isikole
- 17 Njengob' amahlomb' esehluleka
- 18 Yimithwal'ebengisindwa yiyo.
- 19 Iyona misindo yabantwana
- 20 Eduduza imiphefumulo
- 21 Elel' ukulal' okuphakade.

- 22 Ngimbeleni endawen'enjena
- 23 Laph' izinsungulo zolimi
- 24 Zenkathazo zingenakuthola
- 25 Sango lokwahlukanis'umhlaba,
- 26 Zingivus'ebuthongweni obuhle.
- 27 Uma wen'ofunda le migqana
- 28 Ungifica, ungimbele lapho
- 29 Utshani ngaphezulu buyothi:
- 30 "Lala sithandwa, lal' uphumule."

Chaza ukuthi imifanekisomqondo iwuthinta kanjani umoya wale nkondlo engenhla. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

[10]**NOMA**

UMBUZO 6: MA NGIFICWA UKUFA – BW VILAKAZI (UMBUZO OMFUSHANE)

Phinda ufunde inkondlo eku-5 ngenhla, 'Ma Ngificwa Ukufa', bese uphendula imibuzo elandelayo:

- 6.1 Nikeza izindawo ezintathu imbongi efisa ukungcwatshwa kuzo. (3)
- 6.2 Sikhathi sini sonyaka lesi: 'ukwethwasa kwehlobo'? (1)
- 6.3 Ngabe imbongi iqondeni ngale migqa?
Lapho izinsungulo zezilimi
Zenkathazo zingenakuthola
Sango lokwahlukanis' umhlaba. (2)
- 6.4 Yimuphi umuzwa ovezwa yilo mugqa?
Lala sithandwa, lal' uphumule. (1)
- 6.5 Ukulala okunjani okuphakade? (1)
- 6.6 Kuyoba namphumela muni kule mbongi ukufihlwa kulezi zindawo ezibalile enkondlweni? Sekela impendulo yakho. (2)

[10]**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

ISIQEPHU B: AMANOVELI

Phendula umbuzo OWODWA ngenchwadi oyifundile.

UMBUZO 7: *BENGITHI LIZOKUNA* – NG SIBIYA (UMBUZO OMUDE)

Isizinda senoveli *Bengithi Lizokuna* sinabudlelwane buni nendikimba. Ipendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. [25]

NOMA**UMBUZO 8: *BENGITHI LIZOKUNA* – NG SIBIYA (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

Emva kwalokho wavula isikhwama sakhe, wahosha isithombe sikaMhlengi okwakulokhu kungavumanga ukuba ahlukane naso ngisho esethandana noNkululeko. Kwaba eside isikhathi esigqolozele isithombe sikaMhlengi. Naye uMhlengi wamgqolozela, embuka ngalawo mehlo akhe athambile, ebusweni emamatheka kancane, kuvela lawo mazinyo akhe angaphambili athanda ukuba yizixheke. Wasigqolozela isithombe uNontobeko, wasibamba ngazo zombili, wasibeka esifubeni esase simanzi te yizinyembezi. "Awu, ngangikwenzeni kodwa Mhlengi uze ungilaxaze, ungishiye nobuhlungu benhliziyo obungaka, nesizungu esingaka, nothando olungaka? Ngangikone ngani s'thandwa sami?" ebihlika kakhulu ekhala.

Esakhala kanjalo welula isandla, wathatha iselula yakhe, wacupha i-alamu kuselula ukuba imvuse ngonkwi, wavula isikhwama, wakhapha amaphilisi okulala ngoba wayengangabazi ukuthi buzogoloza ubuthongo ukufika. Wasukuma, waphephuka eseqonde kusinki, wavula umpompi wawaphuza amaphilisi ayesethembele kuwo ukuthi azomlamulela ekuqwasheni okwakumnyonyobela. Emva kwalokho waphindela embhedeni, wazishaya phansi, walala zwi. Waze waphazanyiswa yiyo iselula eyaqandula entathakusa isimkhumbuza ukuthi ubelale efuna ukuvuka kungakasi. Nebala wazamula, wazelula, wavuka walungela ukuhamba. Emva kwemizuzu embalwa wayeselungile, wangena emotweni yakhe wayishaya yazula esebambe wona umgwaqo omkhulu obheke ezansi.

- 8.1 Yini eyabangela ukuba uMhlengi ahlukane noNontobeko? (2)
- 8.2 Nikeza abalingiswa ababili abathandana noMahlengi kule noveli. (2)
- 8.3 Wayewaphuzelani amaphilisi uNontobeko? (2)
- 8.4 Chaza umqondo oqukethwe yilesi simo sokukhuluma: 'limvuse ngonkwi' njengoba sisetshenziswe kulesi siqeshana. (2)
- 8.5 Kungani uNontobeko kwakungavumi ahlukane nesithombe sikaMhlengi nakuba wayesethandana noNkululeko? (2)
- 8.6 Ngokubona kwakho myalezo muni odluliswa umbhali kule noveli? Sekela impendulo yakho ngokwenzeka kule noveli. (4)

- 8.7 Kwakufanele yini ukuthi uNontobeko ahlukane noNkululeko ngale ndlela ahlukana ngayo? Sekela impendulo yakho. (2)
- 8.8 Kungani uNomalanga singamphathanga kahle isenzo sikaNgidi sokuyofuna uMhlengi? (2)
- 8.9 Chaza ngodweshu lwangaphakathi olusetshenziswe umlandi kulesi siqeshana. (3)
- 8.10 Chaza kafushane ngokwenzeka mhla kutholakala uMhlengi/Mahlengi. (4)
[25]

NOMA**UMBUZO 9: USUMENYEZELWE-KE UMCEBO – MJ MNGADI (UMBUZO OMUDE)**

Isizinda senoveli *Usumenyezwe-ke umcebo* sinabudlelwane buni nendikimba. Ipendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 – 390. [25]

NOMA**UMBUZO 10: USUMENYEZELWE-KE UMCEBO – MJ MNGADI (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

"Ngabe ngenzani? Ngiyambulala?"

"Angazi." Engikwaziyo nje ukuthi nguweni umsizi wabantu lapha ongenakuzisiza yena. Izinhlanga nemiphuphe kungaka nje endaweni uweni. Kulula uma usakwenza kwezinye izingane zabantu; kuyitshe kweyakho."

"Uqonde ukuba ngimhlanyise noma ngimphuphise?"

"Angazi yise kaBhekameva. Uyoziwonela nawe, uyindoda. Uma usucabangile uzongitshela njengenhlayenza. Ngicela uyeke ukuzikhohlisa ngokuthi uzomlanda, noma uyoke umbone ezifikela yena ezokupha imali."

Noma kwathuleka endlini, belele bengalele bobabili, izingqondo zazika ngale mali. Baphenduphenduka ngaphansi kompisimpisi izinhliziyi zigaya izibozi. Babezingela inyamazane eyodwa ngemikhonto engafani. UMeyili wayethatha ngengqondo. Kwakunganjani abize amadodana aseGoli, baphume uphumo ngemoto baphikelele eThekwini, bafike bambambe ngesidlozana uNomvula babuye naye? Qha, leli su walibona linezisele esilungwini konke kuhamba ngokuphazima kweso, namaphoyisa ayinala emgwaqweni awalanda eBergville ngebhayisikili njengoba benza lapha. Pho kunganjani uma eqasha izinswelaboya lena eNgoba, zifike zimbambele khona kwamlungu zimsonte intamo, zimshiye enjalo? "Hhayi," ezikhuza eze ephumisela. Wacabanga engaqedi, waze wozela walala.

UMaHadebe wayelokhu eshaya amakhala. Umkhondo ayezowulandela wawumcacela bha. Yena, akukho namunye umuntu ayecabanga ukumqasha ukuba ayobamba uNomvula isidlozana. Nanembeza naluzwelo, qha kwakungekho ngokumbulala. Inhliziyi yayimi ekutheni eyakhe ingane ngeyahlala kwesakhe isisu. "Kunye kuphela engizokwenza," ecabanga, "Uma lo nondinjwana wasedolobheni engazifikeli ngizothatha ushevu ngiwuthi dlwa kulesi sithothobala esingunina. Ngeke engafiki unina esefile. Uyothi esathithibele ngalena emakhandleni ngiwuthi dlwa kuyena, ngibone ukuthi ngeke yini abe yinsinekana. Nalokhu futhi okunguMazibuko, uma kucabanga ukuthi ngizolokhu ngisebenzela nakho, kozela kona, kuzobalandela uma kunomlomo." Wacabanga waze wagwinya amathe.

- 10.1 Ngokwalesi siqeshana caphuna amazwi afakazela ukuthi uMazibuko wayengumthakathi. (2)
- 10.2 Nikeza amagama amabili asetshenziswa uMaHadebe akhombisa ukuthi akabathandi oNomvula nonina uMaNdelu. (2)
- 10.3 Zafika kanjani izindaba kuMazibuko ukuthi uNomvula wabe eseyisigwili eThekwini? (2)
- 10.4 Chaza ngalaba balingiswa abalandelayo njengoba bevezwe umbhali wale noveli. Nikeza okukodwa ngomlingiswa ngamunye bese uyasekela.
- 10.4.1 uChule (2)
- 10.4.2 uGenyeza (2)
- 10.5 Yini eyayibangela uMaHadebe athi uNomvula akasoze anika uMazibuko imali? (2)
- 10.6 Kwakubangelwa yini ukuthi uMazibuko acabange ukuthi isu lokuthumela abantu ukuba bayolanda uNomvula alibone lingezukuphumelela ngokwalesi siqeshana? (2)
- 10.7 Ngabe uNomvula ulukhombise kanjani uxolo emndenini wakhe nakuba sebezame kaningi ukumphuca umcebo wakhe? (2)
- 10.8 Ngokucabanga kwakho yini eyabangela uNomvula ukuba abuyele kuGenyeza? (2)
- 10.9 Chaza imbangela yokuguquka kukaMaHadebe ngokwesimilo ekugcineni kwale noveli. (2)
- 10.10 Chaza kafushane ngobuqili bukaChule ekufihloleni uNomvula ngesu lakhe lokuzama ukumbulala. (3)
- 10.11 Kwakufanele yini ukuthi uMaHadebe alikhiphe ngomlomo wakhe ukuthi eyakhe ingane ngeyahlala kwesakhe isisu? Sekela impendulo yakho. (2)
[25]

NOMA**UMBUZO 11: KUNJALO-KE – ME WANDA (UMBUZO OMUDE)**

Isizinda senoveli *Kunjalo-ke* sinabudlelwane buni nendikimba. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 – 390. [25]

NOMA

UMBUZO 12: KUNJALO-KE – ME WANDA (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

"UZitike Jeffrey Moloi obesebenzela inkampani yomshuwalense iNew Life, akasekho emhlabeni. Ushone zingamashumi amathathu kuyo le nyanga. Ubeneminyaka engamashumi amane nesikhombisa. Umufi wake wafundisa eZenzele High School eMbumbulu. Uyofihlwa ngoMgqibelo ligamenxe ihora lokuqala emini emathuneni ase-Avaloni, eGoli. Inkonzo yomngcwabo iyoqala ngehora leshumi ekuseni. Sisho uZitike Jeffrey Moloi." Abahlengikazi bambona uDumazile ehline sengathi uyakhala, kodwa kungaphumi lizwi.

Abazange bamnake ngoba babethi useyahamba, becabanga ukuthi ukhaliswa wukwesaba ukufa. Nabo abahlengikazi base bemfisela uDumazile ukuba iNkosi isale seyenza isu layo imphumuze. Nokho insimbi nomzuzu kwakungakashayi. Laze laphela golokoqo isonto uDumazile esaphefumula.

UDumazile wayesenesifiso sokuba aphume esibhedlela ayogulela ekhaya. Wayebona kuzifanela nje ukuhlala esibhedlela nokuhlala ekhaya. Wayengasanikwa mithi, engasanikwa maphilisi. Waziduduza ngokuthi ikhona indodakazi yakhe ezokumnakekela.

Njengoba abazali bakaDumazile babebhalelwe incwadi, bayithola ngemuva kwesikhathi eside ngenxa yokungahambi kahle kweposi. Kwathi bangayithola, babona kufanele ukuba babikele abakwaZuma lapho uDumazile ayendele khona. Nebala kwaba njalo. Umthwalo waba sobhokweni sekuqondwe esibhedlela. Ngenkathi befika esibhedlela, abahlengikazi babakhombisa iwodi lapho kwakulele khona uDumazile. Bamfica ecimezile, kungabonakali noma usaphefumula yini. Unina wamnyakazisa. Wathi qwebu kancane ngamehlo akhathele, wacimeza futhi uMaNdovela wabuka umyeni wakhe, bancishana amehlo.

"Mnyakazise futhi mlingani," kusho uninazala kaDumazile. Nempela uMandovela wenza njalo. Wathi qwebu futhi uDumazile," wababona. Wasikhihla isililo. Kwakusakhala bani-ke kodwa!

"M...ma!" Izwi lingafuni ukugqashuka kahle. Izilonda zazigcwele ulimi ziphihlike umlomo wonke. Ukuvula umlomo kuyena kwakusho ukuthunukala okwakumshiya nezinhlungu ezinzima.

- 12.1 Kwakubangelwa yini ukuthi uDumazile ahline sengathi uyakhala uma ezwa emsakazweni ukuthi uJefrey Moloi useshonile? Nikeza kube kubili. (2)
- 12.2 Kungani uDumazile ayefisa ukuyogulela ekhaya? (2)
- 12.3 Nikeza isizathu esabangela uDumazile ukuthi aqambe ingane yakhe ngoLerato. (2)
- 12.4 Hlolisisa igama lomlingiswa onguthisha uMoloi elithi "Zitike" ukuthi lihambisana kanjani nezenzo zakhe kule ndaba. Nika kube kubili. (4)

- 12.5 Ngabe kwakufanele ukuthi uLizy atshele uMaNzimande ngokwakwenzeka esitolo sikaSithole? (2)
- 12.6 Ngokuyazi kwakho indaba ucabanga ukuthi sabayini isizathu sokuthi uDumazile akhihle isililo uma ebona uninazala ezombona esibhedlela? (2)
- 12.7 Chaza kafushane ngendikimba ethinta ISIMILO uyibhekise kumlingiswa onguDumazile. Nikeza amaphuzu amane. (4)
- 12.8 Ngabe umbono noma iqiniso ukuthi bonke abantu bayalithola ithuba lokuthi baxolise ngaphambi kokuba bashone? Sekela impendulo yakho ubhekise endabeni. (2)
- 12.9 Ngabe isimo sokukhuluma "umthwalo waba sobhokweni" sekuqondwe esibhedlela, sihambelana kanjani nalesi siqeshana? (2)
- 12.10 Hlolisisa ngesiphetho sale noveli ukuthi umbhali uyiphethe kanjani. Sekela impendulo yakho ngokwenzeka esiphethweni. (3)
[25]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 25

ISIQEPHU C: IMIDLALO

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

UMBUSO 13: KUDELA OWAZIYO – BP MAPHUMULO (UMBUSO OMUDE)

Hlolisisa isakhiwo nenhloso yomdlalo othi **Kudela Owaziyo**. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama- 340 – 390.

[25]**NOMA****UMBUSO 14: KUDELA OWAZIYO – BP MAPHUMULO (UMBUSO OMFUSHANE)**

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

MDALULI:	Izinkunzi ezimbili zingehlale esibayeni sinye ...
MAMLANDULI:	<i>(Engekuzisa ikhanda)</i> Yiqiniso lelo baba.
KHOMBEPHI/ NENELEZI:	<i>(Ngokushiyana kwamazwi)</i> washeshe wavuma nje mame ungakezwa ukuthi ubaba uwagudliselaphi la mazwi akhe. Uyazi ukuthini? (kanye kanye) Thina sisadidekile.
MDALULI:	<i>(Ngezwi eliphakeme)</i> Musani ukudidwa yinto esobala zibe zikhona izinto ezixakile ezifanele ngabe zinilethela ukudideka. Mina nendodakazi yami uLondiwe sibanga ubukhulu kulo muzi, kusobalake ukuthi sonke sesingomakhonya izinkunzi ezimalundalunda. Sekumele kucace-ke manje!
LONDIWE:	<i>(Amqwebulele amehlo, umangele)</i> Uthini?
MDALULI:	<i>(Ngezwi lokubhavumula)</i> Impendulo yalowo mbuzo wakho ilula kakhulu ndodakazi; osekumele kucace manje ukuthi iyiphi ngempela inkunzi ekhonyayo futhi enomhlwenga lapha ekhaya phakathi kwami nawe. Ngaleso sizathu-ke ngithi qoqa konke okungokwakho okukulo muzi Londiwe uphume uphele kuleli gceke ugcwale amathafa ...
KHOMBEPHI/ NENELEZI:	<i>(Kanye kanye, sebeqwebule amehlo)</i> Hawu!
LONDIWE:	<i>(Usebuyise izinhlonze, usegqolozele uyise)</i> Ini? Angizwanga wumoya!
MDALULI:	<i>(Ngobudlova)</i> Ingani ngikhuluma nawe nje? Ufuna ukubonani kanti? Ngithi angisakufuni kulo muzi ngakho-ke qoqa onke amasakana akho ubone ukuthi ulibhekisaphi nezwe.
LONDIWE:	<i>(Ngolaka)</i> Ayikho leyo nto!

MDALULI:	<i>(Ngokufutheka)</i> Hheyi wena! Yini engekho manje? Ngithi kukhona okude kusina kukujejeza njalo wena. Ngibeka uzuka wena ubeka utiki? Imihlola kaGambu yini lena?
MAMLANDULI:	Kodwa nawe mntanami waba yinqaba njalo ngale nkani yakho yokuqophisana noyihlo uze ufune ukuba kugcine elakho. Ingani ubaba ukhuluma isiZulu esiqondile nesicacile nje uma ngabe ethi phuma uphele lapha ekhaya? Kafushane nje usuxoshiwe wena kulo muzi. Uma ulokhu uqhubeka futhi nokudazisana noyihlo inkani, usuzobe usuyinyathele emsileni njalo.
KHOMBEPHI/ NENELEZI:	<i>(Ngokushiyana kwamazwi)</i> Ngeke yenzeke leyo nto! Phinde! Sishaya phansi ngonyawo sithi ngeke! Akahambi udadewethu lapha ekhaya. Okungenani singahamba sobathathu phela ...
LONDIWE:	<i>(Usediniwe)</i> Kanti mame ungincenga kangaka nje uthi mangixolele ubaba ngesule icala uyazi wena ukuthi kukhona umqondo olele kuwo nobaba? Ungincenga ukuba ngihoxise icala nje kanti usuvele Usungakhele ugibe nesihibe nangihlanganisela u-V nobaba?
MAMLANDULI:	Isimo size sibe njena nje kungenxa yakho mntanami ngoba unenkani wena. Uqophisana nomuntu omdala ngamazwi.

- 14.1 Ngokwalesi siqeshana ubekade ekuphi uMdaluli njengoba ekade engekho izinsukwana? Nikeza isizathu salokho. (2)
- 14.2 Nikeza igama likaSonhlalakahle owayesiza izingane zikaMdaluli uma sezixakekile ekhaya. (1)
- 14.3 Yini isisusa salesi simo esingesihle esikulo muzi wakwaMdaluli? (2)
- 14.4 Udlame lukaMdaluli alugcini kuphela ekhaya luphinde luphumele nasemphakathini. Nikeza OKUBILI okukulo mdlalo okukhombisa lokhu. (2)
- 14.5 Chaza lesi simo sokukhuluma ngokwalesi siqeshana: 'Izinkunzi ezimbili zingehlale esibayeni esisodwa.' (2)
- 14.6 Ngabe uLondiwe ukhombisa kanjani ukungamhloniphi uyise kulesi siqeshana? Nikeza OKUTHATHU okufakazela lokhu. (3)
- 14.7 Chaza ukuthi ukuxoshwa kukaLondiwe kwabaphatha kanjani odadewabo. Sekela impendulo yakho. (3)
- 14.8 Ngabe kwakubangelwa yini ukuba uMaMlanduli agcine esekujwayele ukuhlukunyezwa uMdaluli umyeni wakhe? Sekela ngokwenzeka kulo mdlalo. (2)
- 14.9 Yisiphi isifundo esisithola kulesi siqeshana? Sekela impendulo yakho. (2)

- 14.10 Kulo mdlalo umbhali uveza isimo sezombusazwe eNingizimu Afrika lapho izisebenzi zikaHulumeni ezingathembekile zijeziswa. Chaza ukuthi umbhali usiveze kanjani lesi simo. (3)
- 14.11 Chaza kafushane ngokwenzeka eSudan lapho uMdaluli ayeyohlaba khona ikhefu. (3)
[25]

NOMA**UMBUZO 15: AWUWELWA UMNGENI – M GCUMISA (UMBUZO OMUDE)**

Hlolisisa ngesakhiwo nenhloso yomdlalo othi *Auwelwa Umngeni*. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 – 390. [25]

NOMA**UMBUZO 16: AWUWELWA UMNGENI – M GCUMISA (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

SALIMANI: Mphiliphili ubungeke uze ugeqwe yimina uma wena ubufisa ngikwazi ebenikuxoxa. Bafowethu nawe mfo kaMgingqika, mina inhlwa angilokothi ngiyibambe isavele ngekhandu. Ukuba namabatha kwezinyawo zenduna yami lena uMphiliphili kudala kwafika ezindlebeni zami. Ngokuqaphela nje nami sekuze kwakambalwa uma kudingidwa lolu daba lokusikwa kwezwe lami ngibona izezo nobuso bakhe ukuthi akanami. Nakho-ke sekuzihlonza kuthangi phambi kwenu. Akuzihlonzi khona manje?

MBONGOLO: Hhawu, Mphiliphili! Hhawu!

MPHILIPHILI: (*Amane abheke phansi okukuphela.*)

NOMEHLO: Izwe limi kabi kangaka nje kanti wena awunathi? (*Ebheka uMphiliphili*) Uyishaya emuva uyishaye phambili? Ukwenza kanjani lokho uphethe abantu beNkosi?

MPHILIPHILI: Shwele Ngwazi ngiphonseke esiphosisweni.

SALIMANI: Mphiliphili!

MPHILIPHILI: Ngwazi!

SALIMANI: Uyangazi mina ngingumuntu woxolo. Khuluma nje ukhiphe ingonyuluka ngakho konke okwaziyo okusongwayo ngami noma ngabe nawe qobo uyaphatheka kukho noma qha. Uqaphele, ukhulume iqiniso lodwa kodwa.

MPHILIPHILI: Ngwazi!

MCANJANA: Khuluma iqiniso lonke neqiniso lodwa Mphiliphili ungalingi ulumbe ilumbo hleze uzidonsele ingelezane yamanzi ngomsele.

MPHILIPHILI: Ngwazi, ngivumele Nkosi yami ngikhiphe ingonyuluka okomuntu ofayo. Uma senginjena angehlukene nomuntu ofayo nosefile. Impela elokufa alitsheli. Ayidle izishiyele Ngwazi.

SALIMANI: (*ehlise umoya*) Landa phela sizwe.

MPHILIPHILI: Ngwazi, sukulumbe ngisukelwe uMgqabula engifunyanisa ngizithengela ugwayi kuMthundlazi laphaya eMgungundlovu kade ngiyokhangeza iholo lami lempesheni. Wangibamba ngengalo waphuma nami phandle.

BONKE: (*balalelisisa*)

MPHILIPHILI: Phandle laphaya sathi uma sithi khwace nje wayesengiphuthuma ethi useze wabizwa kabili eMshwathi ebizwa nguZithulele kanti eMgungundlovu khona usebizwe kwaze kwakathathu ebizwa uSomtsewu emthuma kimina ethi akangicele ngingabayekeli phansi kule nkanankana ababhekene nayo ngodaba lwezwe abalibanga nawe wena kaMvunisi owabuya nengqobe. (*Abefuzele athi ukuhlaba ikhefu.*)

SALIMANI: Qhuba phela sizwe.

MPHILIPHILI: Kanti phambilini kwake kwafika uNgoza wangithi fu ngenqwaba yawopondo abahlanu wathi yisipho sami sikaKhisimuzi engisiphiwe nguSomtsewu, yize wase wedlule kwaKhisimuzi lowo.

BONKE: Hhawu!

MPHILIPHILI: (*athalaze*) UMgqabula ngamtshela ukuthi udaba ayekhuluma ngalo lwalubucayi kakhulu, ngagcizelela ukuthi ngangingethande ukuzigaxa kulona ngaleyo ndlela, hleze nginukeke njengexoki nembuka. Naye-ke wangifunza amashumi amathi awopondo (*ephakamisa iminwe emibili*) wathi yisipho sami esivela kwaHulumeni. Nami ngenxa yokulamba ngehluleka ukuyengqaba le mali engifumbathiswa yona.

- 16.1 Buxoki buni obenziwe uMphiliphili ngokwalesi siqeshana? (2)
- 16.2 Saba yini isijeziso salobu buxoki bukaMphiliphili? (2)
- 16.3 Yini eyanikezwa uMphiliphili nguNgoza, uHulumeni kanye noMgqabula ukuze enze lobu buxoki? (3)
- 16.4 Chaza kafushane ngesu lenkosi uSalimani lokusebenzisa ubhontshisi omnyama nomhlophe nokuthi livezani ngobunjalo bukaSalimani. (3)
- 16.5 Yabe iqondeni inkosi kulesi siqeshana uma ithi uMphiliphili akakhulume nje akhiphe ingonyuluka? (2)

- 16.6 Yini eyayihloswe nguMgqabula ngokuthumela abantu basepulazini lakhe ukuba bayohlasela amabutho emzini kaMcondo? (2)
- 16.7 Lo mdlalo usikhombisa kanjani isimo sezombusazwe ezindaweni ezaziphethwe amakhosi ngesikhathi sobandlululo? (2)
- 16.8 Ngabe inkosi uSalimani ilutshengisa kanjani uxolo kulesi siqeshana? (2)
- 16.9 Isenzo sokuphuca uSalimani indawo yakhe sasiphikisana kanjani namalungelo esintu? Sekela impendulo yakho. (2)
- 16.10 Lo mdlalo uphetheke ngendlela ebingalindelekile. Hlaziya ukuthi umbhali ulisebenzise kanjani ijaji ukuveza lokhu kulo mdlalo. (3)
- 16.11 Chaza ngenhloso yokufika okokuqala kukaZithulele imantshi emzini wenkosi uSalimani. (2)

[25]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 25
AMAMAKI ESEWONKE: 80